

## Whose story is it?

**Many stories for children have been adapted over time from stories that were originally created for adults. In fact, it is translators who have often been responsible for crafting and reshaping these stories across time and space to suit their different audiences.**

Think of Aesop's Fables. These stories were told by Aesop who was a slave and storyteller in Ancient Greece in the 5th Century BCE. For centuries his stories moved across continents, and were told and heard in many languages. It wasn't until 1484 that they first appeared in print – as stories for children, and in English! And even today new versions of these stories continue to be created.

Many famous fairy tales have different versions around the world. For example, across Africa and in Russia, France, Italy, Portugal, Appalachia, India and Japan, versions of the Grimm's fairy tale, *Hansel and Gretel* are told and read. This is not unique. The history of children's literature is a history of translation. It is through translation that stories from Greek, Latin, Hebrew, French, Italian and Asian languages have found their way into English. In South Africa, *Pinocchio*, originally written in Italian, has become *Pinokiyo* in isiXhosa and is now appreciated by children who do not necessarily know that the story came from Italy, a very different country.

## Ekabani le ndaba?

**Izindaba zezingane eziningi sezilungiselwe izingane ngokuhamba kwesikhathi, kanti ekuqaleni zazenzelwe abantu abadala. Empeleni, abahumushi yibona abebede bezinonga, bezilungisa kabusha lezi zindaba ngokuhamba kwesikhathi kanye nasezindaweni ezahlukene ukuze zifanele izethameli ezahlukene.**

Ake ucabange ngezingane kwane zika-Aesop. Lezi zindaba zazixoxwa ngu-Aesop owayeyisigqila nomxoxi wezindaba waseGreece yasendulo ekhulwiniminyaka lesi-5 BCE (ngaphambi kokufika kukaKhrestu). Emakhulwiniminyaka amaningi lezi zindaba zakhe sezahamba amazwekazi, futhi sezixoxwe zalalelwa ngezilimi eziningi. Zaze zaqala ngowe-1484 ukushicilelwa – njengezindaba zezingane, ezingesiNgesi! Kanti nanamhlanje kusekhona izinhlobo ezintsha zalezi zindaba ezisakhiwa.

Izingane kwane zoferi eziningi zixoxwa ngezindlela ezahlukene emhlabeni wonke. Isibonelo, e-Afrika yonkana kanye naseRussia, eFrance, e-Italy, ePortugal, e-Appalachia, e-India naseJapan, kunezinhlobo ezahlukene zengane kwane kaGrimm ethi, *UHansel noGretel* ezixoxwayo nezifundwayo. Lokhu akuyona into engavamisile. Umlando wezindaba zezingane ungumlando wezihumusho. Ngenxa yokuhumusha, izindaba zesiGriki, isiLatini, isiHebheru, isiFrentshi, isiNtaliyane, kanye nezilimi zase-Asia, sezitholakala nangesiNgesi. ENingizimu Afrika, u*Pinocchio*, owayebhalwe okokuqala ngesiNtaliyane, usengu*Pinokiyo* ngesiXhosa futhi manje usehokozelwa yizingane okungenzeka ukuthi azazi ukuthi yindaba eyaqhamuka e-Italy, okuyizwe elihluke kakhulu kuleli.

Stories that originated in Africa have been retold in many languages too. All over the world people read the popular trickster tales featuring Hare, Tortoise or Spider that are found in many cultural traditions in Africa. These stories use animals with human qualities to entertain and instruct, and to convey wisdom and understanding about human nature and human behaviour.

At the moment there are not enough children's storybooks in African languages, either as original writing or as translations. But there are some, and the numbers will grow as people take the time to get to know, choose, read and talk about storybooks with their children and to request storybooks in their languages of choice.

As citizens of the world, we are curious about each other and teach one another as we tell and retell our stories – they mark us as belonging to the human race.



Izindaba zokudabuka e-Afrika nazo futhi sezixoxwe kabusha ngezilimi eziningi. Emhlabeni wonke abantu bafunda ngezindaba zamaqili anoNogwaja, uFudu noma uSicabucabu okutholakala ezindabeni eziningi ezithandwayo ezihambisana namasiko omdabu ehlukeni ase-Afrika. Lezi zindaba zisebenzisa izilwane eziziphathisa okwabantu ukuze zithokozise futhi zifundise okuthile, zibuye zedlulise ulwazi nokuqonda ngalokho abantu abayikho nokuziphatha kwabo.


Okwamanje azikho izincwadi zezindaba zezingane ezanele ezingezilimi zase-Afrika, okungaba ezabhalwa ngazo izilimi noma ezihunyushiwe. Kodwa-ke zikhonyana, futhi zizokwanda lapho abantu sebethatha isikhathi sabo bezama ukwazi kabanzi, nokukhetha, nokufunda kanye nokuxoxa nezingane zabo ngezincwadi zezindaba, babuye bazicele izincwadi zezindaba ngezilimi abazikhethile zona.

Njengezakhamizi zomhlaba, sihlale sifuna ukwazana, futhi sifundisane ngesikhathi sixoxa, sibuye sizixoxe kabusha izindaba zethu – lokhu kuwuphawu lokuthi singamalungu esintu.



Drive your  
imagination

Story Power.  
Bring it home.  
Walethe ekhaya amandla endaba.





## Nal'ibali news

Nal'ibali's Holiday Programme was in full force during the July school holidays, spreading the message that reading is an enjoyable part of daily life. Our Literacy Mentors across the country set up holiday reading programmes that were designed to get children involved with stories and storytelling in fun and unusual ways. Here are some of the things that inspired children and their caregivers!

## Izindaba zakwaNal'ibali

Uhlelo lweSikhathi Samaholide lwakwaNal'ibali lusebenze kahle ngesikhathi samaholide okuvalwa kwezikole ngoJulayi, kusatshaliswa umlayezo wokuthi ukufunda kuyingxenywe yempilo yethu yansuku zonke ethokozelekayo. Abantu bethu abayizibonelo kwezokufunda nokubhala (*Literacy Mentors*) ezweni lonke bahlela izinhlelo zokufunda ngamaholide ezalungiselwa ukwenza ukuthi izingane zizibandakanye ezindabeni nasekuxoxeni izindaba ngezindlela ezimnandi, ezingajwayelekile. Nazi ezinye zezinto ezenze izingane kanye nabantu abazinakekelayo baba nentshisekelo!

“ At Nirvana Library in Polokwane, children enjoyed a programme of games, stories, reading and creative activities. Every session started off with warm-ups and stretches before the games began. Then the children were treated to a puppet show to ease them into the storytelling section of the day. Starting off with activities like these, helped the children feel confident and comfortable enough to engage with the stories, ask questions and express opinions. ”

*Rinae Sikhwari, Limpopo*

“ ENirvana Library ePolokwane, izingane zathokozela izinhlelo zemidlalo, izindaba, ukufunda kanye nemisebenzi yobuciko. Ukuhlangana ngakunye bekuqala ngokufudumeza umzimba kanye nokuzelula ngaphambi kokuqala kwemidlalo. Izingane zase zenzelwa umbukiso wamaphaphethi ukwendlela isikhathi sokuxoxa izindaba osukwini lolo. Ukuqala ngemisebenzi efana nale, kusize izingane ukuthi zizizwe zinokuzethemba ngokwanele ukuthi zingazibandakanya ezindabeni, zibuze imibuzo futhi zizwakalise uvo lwazo. ”

*URinae Sikhwari, eLimpopo*




“ Over 50 children joined our holiday programme in Khayelitsha and enjoyed creative storytelling activities, like acting scenes and debating characters' choices in the plots of different stories. Children were encouraged to choose and borrow books that interested them to increase the chances of them coming back for more! ”

*Thando Mkhoyi, Western Cape*

“ Zevile kuma-50 izingane ezihlanganyele ohlelweni lwethu lwangamaholide eKhayelitsha futhi ezithokozele imisebenzi yokuxoxa izindaba ngobuciko, efana nokulingisa izigcawu ezithile kanye nokuxoxa ngalokho okukhethwe ngabalingiswa ezakhiweni zezindaba ezahlukene. Izingane bezikhuthazwa ukuthi zikhethe nokuthi ziboleke izincwadi ezizihlabe umxhwele ukuze kwandiswe amathuba okuthi ziphinde zibuye zizofuna ezinye futhi! ”

*UThando Mkhoyi, eNtshonalanga Kapa*




“ We wanted to show children that reading can be fun. We focused on writing activities and gave children the chance to write their own stories in any of their home languages using magazine pictures – some of the children's parents joined in too! The children also wrote and performed songs, and played traditional games. ”

*Sithembiso Nhlapo, Free State*

“ Besifuna ukukhombisa izingane ukuthi ukufunda kungaba yinto emnandi. Sigxile emisebenzini yokubhala sase sinikeza izingane ithuba lokuthi zibhale ezazo izindaba noma ngaziphi izilimi zazo zasekhaya zisebenzisa izithombe ezikumaphephabhuku – nabanye abazali bezingane bahlanganyela nathi! Izingane zabhala zabuye zacula amaculo, zadlala nemidlalo yendabuko. ”

*USithembiso Nhlapo, Free State*



“ I went to the waiting room of the Lower Cross Road Clinic in Langa and spoke to parents and other caregivers about the importance of stories for doing well at school. There was a lot of discussion and everyone asked lots of questions! ”

*Thabisa Thabi, Western Cape*



“ Ngaya egumbini lokulindela eMtholampilo waseLower Cross Road kwalanga ngakhuluma nabazali kanye nabanye abanakekeli bezingane ngokubaluleka kwezindaba ekwenzeni ukuba kuqhutshwe kahle esikoleni. Kwaba nokuxoxisana kabanzi, bonke abantu babuza imibuzo eminingi! ”

*UThabisa Thabi, eNtshonalanga Kapa*



“ Over 90 children joined the holiday fun at our outdoor holiday programme in Kliptown. They danced, wrote songs, played traditional games, and even took the cut-out-and-keep stories home to share with their families. ”

*Bongani Godide, Gauteng*

“ Zevile kuma-90 izingane ezahlanganyela ohlelweni olwaluphandle lokuzithokoza ngesikhathi samaholide eKliptown. Zadansa, zabhala amaculo, zadlala imidlalo yendabuko, zaze zathatha nezindaba ozisika uzikhiphe bese uzigcina ezaya nazo ekhaya ukuze zabelane nemindeneni yazo. ”

*UBongani Godide, eGauteng*



Drive your imagination



“ We held fun storytelling sessions in the sun. The children drew pictures, listened to a story and created their own little books from the Nal'ibali supplement to add to their home libraries. ”  
*Nkosingiphile Myeza, KwaZulu Natal*

“ Sibe nemihlangano ethokozisayo yokuxoxa izindaba elangeni. Izingane zadweba izithombe, zalalela zabuye zazenzele ezazo izincwadi ezincane eziphuma ezithasiselweni zakwaNal'ibali ukuze zengeze emitatsheni yazo yezincwadi yasemakhaya. ”  
*UNkosingiphile Myeza, KwaZulu-Natali*



“ We included sports activities in our programme to get the children excited about working together as a team. Along with fun ice-breakers, the children enjoyed games and songs, and had a mini soccer and netball tournament. Then we brought storytelling into the programme by telling the children the stories of sports stars! ”  
*Kamohelo Ramaipato, Western Cape*

“ Sifake nemidlalo ohlelweni lwethu ukuze senze izingane zibe nentshisekelo yokusebenza njengethimba. Kwasetshenziswa imidlalo yokuzenza zikhululeke, izingane zathokozela imidlalo kanye namaculo, futshi zaba nomqhudelwano omncane webhola likanobhutshuzwayo kanye nowebhola eliphonswa enethini. Sase sibandakanya nokuxoxa izindaba ohlelweni ngokuxoxela izingane ngezindaba zosaziwayo bezemidlalo! ”  
*UKamohelo Ramaipato, eNtshonalanga Kapa*



“ We ran a fun-filled three-hour programme every day for a week, and any children could come – not just the regular reading club members. The children enjoyed read-aloud stories, storytelling, drawing, painting, singing, playing games and doing sports in isiXhosa and English. ”  
*Malusi Puwe, Eastern Cape*

“ Sibe nezinhlelo ezigcwele intokozo ebezithatha amahora amathathu nsuku zonke isonto lonke, futshi bekungeza noma yiziphi izingane – hhayi ezingamalungu ethimba lokufunda kuphela. Izingane zizithokozele izindaba ezifundwa kakhulu, ukuxoxa izindaba, ukudweba, ukupenda, ukucula, ukudlala imidlalo kanye nokudlala imidlalo ngesiXhosa nesiNgisi. ”  
*UMalusi Puwe, eMpumalanga Kapa*



## How to choose stories to read, tell and retell



## Sizikhetha kanjani izindaba esizozifunda, sizixoxe siphinde sizixoxe kabusha

What kinds of stories did you enjoy as a child? Which ones still shine in your memory? Think what you loved about them. These qualities are the kinds of things that children still enjoy today.

As a general rule, look out for:

- ★ characters you admire, fall in love with and want to cheer for
- ★ events that take you away from ordinary, everyday life
- ★ stories about an exciting adventure or problem to solve
- ★ language that is powerful and rich, and that helps you use your imagination
- ★ a satisfying ending.

**Be alert!** Many of the great traditional stories contain stereotypes and prejudiced descriptions and/or illustrations of people according to gender, culture, class, race, ability and age. We don't want to sanitise children's story worlds, but we also don't want to unthinkingly encourage prejudice. Look out for these things and change the story as you retell it. Good stories are worth adapting.

Wawuthokozela izinhlobo ezinjani zezindaba useyingane? Yiziphi osazikhumbula kahle? Cabanga ukuthi yini owawuyithanda ngazo. Lezo zinto yizo ezisathokozelwa yizingane nanamhlanje.

Uma sesikunika umthetho ongujikelele, bheka:

- ★ abalingiswa obancomayo, obathandayo nofisa ukubashayela ihlombe
- ★ izehlakalo ezikususa empilweni eyejwayelekile, yansuku zonke
- ★ izindaba ezimayelana nesigaba esihlaba umxhwele noma inkinga okumele isonjululwe
- ★ ulimi olunamandla futshi olunothile, nolokusiza ukuthi usebenzise umqondo wakho
- ★ isiphetho esigculisayo.

**Qaphela!** Izindaba eziningi zendabuko zigcwele izinkolelo kanye nokuchazwa kwabantu okucwasayo kanye/noma ukudwetshwa kwabantu ngokuphathelele nobulili, isiko, izinga lempilo, uhlanga, ukwazi ukwenza okuthile kanye neminyaka. Asifuni ukuyihlanza ngokweqile imihlaba yezingane yezindaba, kodwa-ke asifuni futshi ukugquguzela ukucwasa singacabanganga. Bheka lezi zinto bese ushintsha indaba ngenkathi uyixoxa. Kuhle ukwenza ukuthi izindaba ezinhle zilungelane nesimo esisha.





## Get story active!

Here are some ideas for using the stories in this supplement. Choose the ones that best suit your children's ages and interests.

### Tselane and the giant

Children from three years old are likely to enjoy this traditional South African story about a horrible giant that tricks a young girl.

- ★ After you have read the story, talk about some of these things.
  - ☉ The story says that the giant was horrible and greedy. Do you think he was born that way, or did he become that way? If you think he became like that, what do you think might have happened to make him like that?
  - ☉ Do you think the sangoma should have helped the giant? Why or why not? What would you have said to the giant if he had asked for your help?
  - ☉ What do you think of the plan the party hostess made to help Tselane? Are there other ways she could have helped Tselane?
  - ☉ What do you think of the way the giant treated his family?
  - ☉ Do you think the giant deserved what happened to him in the end? Why or why not?
- ★ Act out the story. Think about what kinds of voices to use for the giant's words when he is trying to trick Tselane, when he speaks to the sangoma and when he is angry.

There are more activities based on this story on page 16.

### Too short

This is a story about a little girl who is too short to be able to see herself easily in the mirror! It is particularly suitable for very young children. You can also use the story with older children by letting them read it in their mother-tongue first and then in the other language of the supplement.

- ★ As you read the story together, do some of these things.
  - ☉ **Pages 2 and 3:** Ask: "What do you think the girl is doing? Why?"
  - ☉ **Pages 4 and 5:** Comment: "Look! She's tall enough to see in the mirror now!"
  - ☉ **Pages 6 to 9:** Point to the girl's eyes, ears, nose and mouth as you read. Ask: "Where are/is your eyes/ears/nose/mouth?"
  - ☉ **Page 11:** Ask: "How do you think the girl feels? Do you ever feel like that?" (Point to the adult.) "Who is this?"
- ★ If you have photographs of your children when they were very young, spend some time looking at them together.
- ★ Encourage older children to draw a picture of themselves when they were younger. Suggest that they write something to go with their pictures.

### Koketso's party shoes

In this story Koketso is trying to find a pair of special shoes to wear to her friend's party. Many people try to help her, but no one seems to have that perfect pair of shoes! Enjoy reading this story aloud or retelling it.

- ★ As you read or tell the story, encourage your children to join in when you say the sounds that the different shoes made.
- ★ Give your children paper and crayons/pencil crayons. Suggest that they draw a picture of a pair of shoes that they would like to wear on a special occasion.



### UTselane nezimuzimu

Nansi eminye imiqondo yokusebenzisa izindaba kulesi sithasiselo. Khetha leyo ehambisana kangcono neminyaka kanye nalokho okuthandwa yizingane zakho.



Izingane ezisukela eminyakeni emithathu zingase ziyithokozele le ndaba yendabuko yaseNingizimu Afrika emayelana nezimuzimu elibi elilutha intombazanyana.

- ★ Ngemva kokufunda indaba, xoxani ngezinye zalezi zinto.
  - ☉ Indaba ithi izimuzimu lalilibi futhi liyigovu. Ngabe ucabanga ukuthi lalizalwe linjalo noma laphenduka laba yilokho? Uma ucabanga ukuthi lashintsha laba njalo, ucabanga ukuthi ngabe kwenzekani okwalishintsha ukuthi libe njalo?
  - ☉ Ngabe ucabanga ukuthi isangoma kwakumele sisize izimuzimu? Kungani usho noma ungasho kanjalo? Wawuzothini ezimuzimini uma likucela ukuthi ulisize?
  - ☉ Ucabangani ngecebo lokusiza uTselane lomnikazi wedili? Ngabe zikhona yini ezinye izindlela ayengasiza ngazo uTselane?
  - ☉ Ucabangani ngendlela izimuzimu elaliphethe ngayo umndeni walo?
  - ☉ Ngabe ucabanga ukuthi kufanele lokhu okwehlele izimuzimu ekugcineni? Kungani usho noma ungasho kanjalo?
- ★ Lingisa indaba. Cabanga ngokuthi uzosebenzisa amaphimbo anjani emazwini ezimuzimu ngesikhathi lizama ukulutha uTselane, ngesikhathi likhuluma nesangoma kanye nangesikhathi lithukuthele.


Kukhona eminye imisebenzi esuselwa kule ndaba ekhasini le-16.



### Ngimfushane kakhulu

Le indaba ngeyentombazanyana emfushane kakhulu ukuthi ingazibona kalula esibukweni! Ilungele abantwana abancane kakhulu. Ungayisebenzisa futhi le ndaba ezinganeni ezindadlana ngokuzivumela ukuthi ziyifunde ngolimi lwazo lwasekhaya kuqala bese ziyifunda ngolunye ulimi lwesithasiselo.

- ★ Ngesikhathi nifunda izindaba ndawonye, yenzani ezinye zalezi zinto.
  - ☉ **Ikhasi lesi-2 kanye nelesi-3:** Buza: "Ucabanga ukuthi yenzani intombazane? Ngani?"
  - ☉ **Ikhasi lesi-4 kanye nelesi-5:** Phawula: "Bheka! Usemude ngokwanele ukuthi angakwazi ukubona esibukweni!"
  - ☉ **Ikhasi lesi-6 nelesi-9:** Khomba amehlo, izindlebe, ikhala kanye nomlomo wentombazane ngesikhathi ufunda. Buza ukuthi: "Akuphi amehlo akho/indlebe yakho/ikhala lakho/umlomo wakho?"
  - ☉ **Ikhasi le-11:** Buza: "Ucabanga ukuthi izizwa kanjani intombazane? Ngabe wena uke uzizwe kanjalo?" (Khomba umuntu omdala.) "Ubani lo?"
- ★ Uma unezithombe zezingane zakho ngesikhathi zisencane kakhulu, chithani isikhathi esithile nizibuka ndawonye.
- ★ Khuthaza izingane ezindadlana ukuthi zidwebe izithombe zazo ngesikhathi zisencane. Phakamisa ukuthi zibhale okuthile okuzohambisana nezithombe zazo.




### Izicathulo zedili zikaKoketso

Kule ndaba uKoketso uzama ukuthola ipheya lezicathulo ezikhethekile azozigqoka edlini lomngani wakhe. Bangingi abantu abazama ukumsiza, kodwa akekho umuntu okungathi unalo ipheya elifanele lezicathulo! Thokozela ukufunda le ndaba kakhulu noma ukuyixoxa kabusha.

- ★ Ngesikhathi ufunda noma uxoxa indaba, khuthaza izingane zakho ukuthi zihlanganyele nawe lapho usho imisindo eyenziwa yizicathulo ezahlukene.
- ★ Nikeza izingane zakho iphepha kanye namakhrayoni/noma amakhrayoni angamapensela. Phakamisa ukuthi zidwebe isithombe sepheya lezicathulo ezingathanda ukuzigqoka emcimbini okhethekile.

### Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - a) Fold each sheet in half along the black dotted line.
  - b) Fold it in half again along the green dotted line.
  - c) Cut along the red dotted lines.



### Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina!

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye
  - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani.
  - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.

The giant was so pleased with himself that when he passed a party being held in a neighbour's house, he decided to take a break to celebrate.

"Give me some beer!" he boomed at the hostess, placing his sack carefully next to him.

"Certainly," she said, but while he was guzzling the drink down, she heard a sweet, sad voice coming from his sack. "There's someone in there!" the hostess said to herself. "We must help her!"

Lizumuzimu lalithokoze kakhulu kangangoba lapho lidlula edlini elenzwe endlini yakwamakhekwane, lanquma ukulhamba ikhefu ukuze ligubhe ngekhukuthole.

"Ake ningphe ushwala!" Imemeza umini wedli, libeka umgodla walo eduze kwalo ngokucophela.

"Kulungile," kusho yena, kodwa ngesikhathi izimu ligoxa ushwala, wezwa izwi eliphohle, elidangele eliphuma emgodleni. "Kukhona umuntu opha kathi!" ekhuluma yedwa umini wedli. "Kumle simsize!"



## Tselane and the giant UTselane nezimuzimu


Tselane's mother always sings to her when she arrives home so that Tselane knows it's safe to open the front door. But a horrible giant tricks Tselane into opening the door, then stuffs her into his sack and steals her away. Luckily for Tselane, the giant stops at a neighbour's party to drink some beer. The hostess hears Tselane's voice from inside the bag, and comes up with a wonderful plan to rescue the girl and punish the nasty giant!

This version of the traditional African story, *Tselane and the giant*, is retold by Joanne Bloch.

Umama kaTselane uhlale emculela uma efika ekhaya ukuze uTselane azi ukuthi kuphephile ukuthi angavula umnyango wangaphambili. Kodwa izimuzimu elibi likhohlisa uTselane ukuze avule umnyango, libe selimphonsa esakeni lalo, limntshontsha. Ngenhlanhla kaTselane, izimuzimu lidlula emcimbini kamakhelwane ukuze liphuze umqombothi. Umnikazi womcimbi uzwa izwi likaTselane ngaphakathi kwesaka, bese eqhamuka necebo elihle lokuhlenga intombazane kanye nokujezisa izimuzimu elibi!

Le nganekwane yendabuko yase-Afrika ethi *UTselane nezimuzimu* ixoxwa kabusha nguJoanne Bloch.

Joanne Bloch  
Jiggs Snaddon-Wood



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Turning to the giant, she said, "Please go and fetch me some water at the stream. In return I'll give you a whole bucket of beer."

"Ho ho!" said the greedy giant, grabbing the calabash she gave him. How could he know it had a little hole in it? At the stream, he tried again and again to fill it with water – but somehow, it never quite filled up.

Back at the house, the woman and her husband quickly helped Tselane out of the sack, and hid her in their house. Then they filled the sack with snakes, bees, lizards, wasps, crickets and frogs.

Waphendukela ezimuzimini, wathi, "Ngicela uyongikhela amanzi emthonjeni. Ngizokumika ibhakede eligcwele utshwala ngalokho."

"Ho ho!" kusho izimuzimu eliyigovu, ligxavula isigubhu asimika lona. Lalizokwazi ngani ukuthi sasinembo encane? Emthonjeni, lalilokhu izama ukusigcwalisa ngamanzi – kodwa ngeshwa, asizange sigcwalile.

Emuva endlini, owesifazane nendoda yakhe basiza uTselane ngokumkhipha esakeni ngokushesha, base bemcasha endlini yabo. Base begcwalisa umgodla ngezinyoka, izinyosi, izintulo, imvi, izinyendle kanye namaxoxo.

Along, long time ago, when giants roamed about and chickens talked, a poor woman lived with her daughter, Tselane, in a little house. Since she had nobody to look after Tselane, the woman was forced to leave the child alone when she went to plough her fields each day.

Of course, Tselane's mother wanted her to be safe, so every morning when she left home, she reminded Tselane *never* to open the door for *anyone*. And every time she came home, she sang this song to her, "Tselane, my child, Tselane, my child, come and open the door!"

Then Tselane, who was waiting to hear her mother's sweet voice, answered with her own little song, "Yes, Mama, I hear you! Yes, Mama, here I come!" she sang, unlocking the door with a big smile and hugging her mother tightly.


Endulo ngesikhathi amazimuzimu esazula emhlabeni, nezinkukhu zisakhuluma, kwakukhona owesifazane ompofu owayehlala nendodakazi yakhe uTselane endlini encane. Njengoba wayengenaye umuntu ozombhekela uTselane, lona wesifazane waphoqeleka ukuthi ashiye ingane yakhe yodwa ngesikhathi eyolima emasimini nsuku zonke.

Empeleni unina kaTselane wayefuna umntanakhe aphephe, ngakho njalo ekuseni ngesikhathi esehamba ekhaya wayemkhumbuza ukuthi angavuleli muntu umnyango. Kanti njalo uma ebuya ekhaya wayemculela iculo elithi, "Tselane, ngane yami, Tselane, ngane yami, woza uzongivulela umnyango!"

Bese uTselane owayelindele ukuzwa iphimbo likanina elimnandi, aphenidule ngeyakhe ingoma emfishane. "Yebo, Mama, ngiyakuzwa! Yebo, Mama, sengifikile!" ecula, evula umnyango okhiyiwe, emamatheka kakhulu futhi enkonkoshela unina emqinisa.



Ikhala lokuzwa iphunga.  
Umlomo wokucula.



A nose to smell.  
A mouth to sing.

CAMBRIDGE

*Too short* is from the Rainbow Reading series by Cambridge University Press. Rainbow Reading is a graded series for primary schools. It provides a wealth of original stories and factual texts, which will help learners to develop the reading skills and vocabulary they need to meet the requirements of the curriculum – in all learning areas. Rainbow Reading consists of 350 titles which are grouped by level and theme.

For further information, visit [www.cup.co.za](http://www.cup.co.za)



Cambridge University Press  
P O Box 50017, V&A Waterfront, 8002  
Tel 021-4127800 | Fax 021 4198418  
Email [info@cup.co.za](mailto:info@cup.co.za)

 **CAMBRIDGE**  
UNIVERSITY PRESS  
[www.cup.co.za](http://www.cup.co.za)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)

 Drive your imagination

# Too short


## Ngimfushane kakhulu




Nanziwe Mzuzu  
Natalie Hinrichsen



Amehlo amabili okubona.  
Izindlebe ezimbili zokuzwa.



Angiziboni.  
I can't see me.



... but you will soon  
be tall.




... kodwa  
uzoba mude  
maduze nje.

Two eyes to see.  
Two ears to hear.



Mifushane kakhulu  
imilenze yami.  
My legs are too short.



Ngiyazibona.

I see me.



Now you are small ...

Use mncane  
okwamanje ...



Izimuzimu lazizwa lithukuthule kakhulu. Lanquma ukuya esangomeni ukuzehoyothola usizo. "Yidla lokhu," kusho isangoma silinikeza insimbi eshisayo. "Kuzoshintsha indlela okuzwakala ngayo izwi lakho."

Ngosuku olandelayo, ngesikhathi izimuzimu hculela uTselane, izwi lalo lalizwakala lmanandi futhi lilihle. Icabanga ukuthi unina ubuyile, intombazanyana yacula yavula umnyango ithokozile. Ngokushesha ngenonyazi, izimuzimu elikhulu layigxavula layifaka emgodleni walo. Lase liphonsa umgodla onokhushuzayo emahlombe alo laphuma lishayela phezu.

The next day, when the giant sang to Tselane, his voice sounded sweet and beautiful. Thinking that her mother was home, the girl sang her song and joyfully opened the door. As quick as lightning, the evil giant seized her and threw her into a sack. Then he slung the wriggling sack over his shoulder and stomped off.


The giant felt very angry. He decided to go to the sangoma for help. "Eat this," said the sangoma, giving him a piece of hot metal. "It will change the sound of your voice."

"Let me see you!" he growled, peering into the sack. But guess what? All the horrible creatures shot out and started stinging and biting him at the same time! Roaring, the giant leapt up and ran to the door, but it was locked. When he finally unlocked it, he ran screaming to the river and plunged his head into the muddy river bank. There he got stuck, and turned into a tree.

Look out for a tree with two trunks on the river bank – it is still there to this day. And as for Tselane, she was soon safely back home with her mother.

"Ake ngikubone!" kugwavuma lona ngesikhathi lilunguza emgodleni. Kodwa uyazi ukuthini? Kwaphuma zonke izilwane ezimbi zase ziqala ukulitinyela nokuliluma kanyekanye. Labhonga izimuzimu, lagxuma lagijima liqonde emnyango, kodwa wawukhiyiwe. Ekugcineni ngesikhathi selikwazile ukuwuvula, lagijima likhala liya emfuleni, lase liphonsa ikhanda lalo odakeni olusosebeni lomfula. Labhajwa lapho, lase liphenduka isihlahla.

Ubobheka isihlahla esinezingodo ezimbili osebeni lomfula – sisekhona nanamhlanje. Kanti uTselane yena, waphinde wabuyela ekhaya kunina ephephile.



One day, a horrible, greedy giant who lived close by heard the two singing to each other. "Mmm," he said, drooling and licking his lips, "that child sounds like a delicious, tender snack!"

A few days later, when the giant was particularly hungry, he trundled off to Tselane's house. At the front door he took a deep breath, opened his mouth and sang, "Tselane, my child, Tselane, my child, come and open the door!"

But Tselane just laughed. "Go away!" she said. "Your rough, ugly voice is nothing like my mama's beautiful voice!"

Ngeinye ianga, izimuzimu elikhohakale, eliyigovu, elihlala eduze nabo lezwa laba ababili beculalana. "Mmm," lasha, kuconsa amathe likhatha nezindebe zalo. "Iyo ngane izwakala sengathi iyisidlo esimandi, esihambi!"

Emva kwenzusuku ezimbata, lapho izimuzimu selilambe kakhulu, lahamba laya kubona kaTselane. Seliphambi komnyango ladonsa umoya kakhulu, lava umlomo walo laula, "Tselane, ngane yami, Tselane, ngane yami, woza uzogvulela umnyango!"

Kodwa uTselane wawele wahlaka nje, "Hamba la!" kusho yena. "Izwi lakho elibhodlayo, elibi alisondele nokusondele ezwini likamama wami elihle!"



After a long time, the giant came back with a little bit of water. He flung the leaking calabash down, glared at the woman, grabbed his beer and the sack and stormed off, grumbling and rumbling. At his house, he dropped the sack and went inside.

"Bring my sack inside!" he barked at his son, but when the boy picked the sack up, a wasp flew out and stung him on the nose. "WAAAA!" he wailed, running inside. "WAAAA! WAAAA!"



"WHERE'S MY SACK?" shouted the giant. "Bring it immediately!"

Now, his wife rushed outside, but a snake darted out and bit her hand. "YAAAA!" she howled, running indoors. "YAAAA!"

By now the giant was fuming. "Get out!" he shouted at his family. He jumped up, grabbed the sack and locked the door.

Ngemva kwesikhathi eside, izimuzimu labuya namanzi amancane. Lajikijela isigubhu esivuzayo phansi, lagqolozela owesifazane, lagxavula utshwala kanye nomgodla walo laphuma ligqishazela futhi, ligwavuma. Selifike ekhaya, labeka phansi isaka lase lingena ngaphakathi.

"Ngenisa umgodla wami!" likhonkotha indodana yalo, kodwa ngesikhathi umfana ethatha umgodla, kwandiza umuvi wamtinyela ekhaleni. "WAAAA!" wakhala, wagijima wangena endlini. "WAAAA! WAAAA!"

"UPHI UMGODLA WAMI?" kuthetha izimuzimu. "Awushayeke la njengamanje!"

Kulokhu kwaphuma unkosikazi walo egijima, kodwa kwaphuma inyoka yamluma isandla. "YAAAA!" ekhala kakhulu, egijima engena endlini. "YAAAA!"

Izimuzimu lase liqhuma ukuthukuthela ngalesi sikhathi. "Phumani!" lisho lithethisa umndeni walo. Lasukuma, lagxavula umgodla walo lase likhiya umnyango.

## Your story

Here are two pieces of writing that were sent to us. The first is a piece originally written in English by a mom about her son, Vincent. The second piece of writing is an Afrikaans poem about an unlikely friendship between two animals.

### A special little boy with autism

Hello! My name is Vincent! I am 5 years old. My birthday is on the 7th of August.


I am a wonderful, loving and fun little boy. I do get irritable, sad, impatient and frustrated sometimes because I cannot make people understand what I really want, but please be patient. My mommy cries and I wipe away the tears, she wants the best for me and everyone too!

My mommy is writing the story even though I cannot read or write yet, nor can I pronounce enough words to make up a sentence.

If there is something I know, like or want, I point to the picture.

I love my books. I love to run my fingers through the pages, but one day I will be able to read them! I try to follow the letters and make sounds, like mumble the words. Some words I know and letters too.

*Collette (and Vincent) De Brouwer*



Vincent with his mom, Collette, and his dad, Mychel  
UVincent nonina, uCollette, noyise uMychel



### Friends

A happy little hippo  
Blew water through his nose.  
He is small next to his dad,  
But not next to hare, I suppose.  
He was playing by himself  
When Mzee\* came round the bend.  
And do you know what happened?  
Mzee is now his best friend.

*Jaylee, Lemoenshoek Primary School, Overberg*

\* Mzee is the name of an old tortoise.



## Indaba yakho

Nakhu okubhaliwe okubili esakuthunyelelwa. Okubhaliwe kokuqala kwakubhalwe ngesiNgesi kubhalwa ngumama ngendodana yakhe, uVincent. Okwesibili kuyinkondlo yesiBhunu emayelana nobuhlobo obumangazayo phakathi kwezilwane ezimbili.

### Umfanyana okhethekile one-autism

Sawubona! Igama lami nginguVincent! Ngineminyaka emi-5. Usuku lwami lokuzalwa lungomhla ziyi-7 kuNcwaba.

Ngingumfana omuhle, onothando nohlala ethokozile. Ngiyacasuka, ngidangale, ngiphelelwe yisineke futhi ngikhathazeke kakhulu ngesinye isikhathi ngenxa yokungakwazi ukwenza ukuthi abantu baqonde ukuthi empeleni ngifunani, kodwa ngicela ningibezezele. Umama wami uyakhala bese ngimsula izinyembezi, ufuna ngithole okuphambili kanti nabanye bafuna lokho futhi!

Umama wami ubhala indaba noma ngingakakwazi ukufunda nokubhala okwamanje, futhi angikwazi nokubiza amagama anele ukuthi angakha umsho.

Uma kukhona into engiyaziyo, engiyithandayo noma engiyifunayo, ngikhomba isithombe.

Ngiyazithanda izincwadi zami. Ngithanda ukuhambisa iminwe yami emakhasini, kodwa ngelinye ilanga ngiyokwazi ukuzifunda! Ngiyazama ukulandela izinhlamvu zamagama bese ngenza umsindo, ofana nokuzama ukuphimsa amagama. Ngiyawazi amanye amagama kanye nezinhlamvu zamagama futhi.

*UCollette (noVincent) De Brouwer*

### Abahlobo

Imvubu encane ethokozile bandla  
Yakhipha amanzi ngekhalo layo.  
Incanyana ngakuyise bandla  
kodwa unogwaj' ayimfun' eduze kwayo.  
Yayizidlalela yodwa ingenabani  
Ngesikhathi uMzee\* eqhamuka ekhoneneni.  
Ngabe uyazi kodwa ukuthi kwenzekani?  
UMzee manje usengomkhul' umngani.

*UJaylee, eLemoenshoek Primary School, e-Overberg*

\* UMzee yigama lofudu oludala.

## NAL'IBALI ON RADIO!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:  
Ukhozi FM on Monday and Saturday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.  
SAfm on Monday to Wednesday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.




## UNAL'IBALI USEMSAKAZWENI!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nangesiNgesi ohlelweni lomsakazo lwakwaNal'ibali:  
Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko nangoMgqibelo kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.  
Ku-SAfm ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

# Koketso's party shoes

By Patricia de Villiers ✨ Illustrations by Vian Oelofsen



"Ow! Ow! Ow!" said Koketso.

Granny was busy at the stove and didn't even turn around. "What is it, Koketso?" she asked.

"OWW! OWW! OWW!" shouted Koketso. "My feet hurt. My shoes are too small."

Granny turned and looked at her. "I can't believe that, Koketso. Those shoes are almost new. Your feet can't have grown so much, so quickly."

"Oh, Granny," said Koketso, "maybe they wouldn't hurt so much if they weren't so brown and ugly. Maybe if they were soft, pretty shoes with sparkles and a ribbon, then they would fit me nicely."



Granny turned back to stir her pot. "Maybe," she said.

"Please, Granny," said Koketso. "I can't wear these ugly brown shoes to the party tomorrow."

"I see," said Granny, slicing the onions.

Koketso pulled her shoes off, then she went outside and had a little cry.

Old Uncle Koos came past with his shopping trolley. "What's the matter, Koketso?" he asked.

"I'm going to my best friend's birthday party tomorrow," said Koketso, "and I don't have any pretty shoes to wear."

So Uncle Koos looked through all the stuff in his trolley, but all he could find was a pair of old takkies with holes in them.

"Sorry," he said. "I can't help you, Koketso."

"Thank you for trying," sniffed Koketso.

Then the rubbish truck came by and stopped outside the house.

"Why the tears, Koketso?" asked the driver.

"I need some party shoes," said Koketso, "and I don't know where to find some."

"Shame," said the driver. "All the shoes in my truck are mixed up with the rubbish. But I often see shoes in the rubbish bins – there must be a lot of people around here with shoes they don't want. Why don't you ask your friends?"

Koketso thought that was a very good idea. So she went to see her friend, Mrs Salmon.

"Hello!" she called out. "Mrs Salmon, I need some party shoes. Do you have any party shoes for me?"

Mrs Salmon came to the door holding a pair of shoes. "Here, Koketso," she said, "you can have these, but I'm afraid one of the heels is a bit loose."

The shoes were pretty and sparkly and Koketso thought they were beautiful.

"Thank you, Mrs Salmon!" she said. Koketso put the shoes on and did a little dance. But the loose heel wobbled a lot. *Clack!* it went as Koketso walked down the road, *clackety-clack!*

"Oh no," said Koketso, "I can't go to a party in clackety shoes!" So she gave the shoes back to Mrs Salmon and thanked her for trying to help.

"Why don't you ask your cousin Pinky for some shoes?" suggested Mrs Salmon.

So Koketso did. "Hello!" she called out at Pinky's house. "Pinky, I need some party shoes. Have you got any party shoes for me?"

Pinky went to look in her cupboard. "Here you are, you can have these," she said to Koketso. The shoes had little red hearts all over them and each one had a big white bow. Koketso was very happy.

"Thank you, Pinky!" she said. She put the shoes on and did a little dance. The shoes were beautiful, but they did pinch her toes terribly.

"Ouch," said Koketso. "I can't go to a party in pinchy shoes." So she gave the shoes back to Pinky and thanked her for trying to help.

"Why don't you ask Auntie Shirley for some shoes?" suggested Pinky.

So Koketso did. But Auntie Shirley's shoes were so big that she had to shuffle to keep them on – *shuffle, shuffle, shuffle, shuffle*. So Koketso had to give them back.

Koketso went to see everyone she knew. And wherever she went, her friends gave her shoes to try on.

But none of them was quite right. Pumla's shoes were so old that Koketso's toes poked out and the soles flapped – *flap flappity-flap*. Mama Maloyi's shoes had such high heels that Koketso kept falling off them and twisting her ankles. Old Mrs Naidoo's shoes were almost perfect, but they had a horrible squeak. *Squeak squeakety-squeak*. Koketso just couldn't find the party shoes she was looking for, so she went home.

She found Granny in the kitchen. "Oh, Granny," Koketso said sadly, "I've been all over and tried and tried, but NOBODY has party shoes for me!"

"And what's wrong with those?" said Granny, pointing at a pair of shoes on the table.

Koketso looked. The shoes were sparkly with pink ribbons.

Koketso put them on and danced and twirled around the kitchen. The shoes felt just right on her feet and they didn't clack or shuffle or flap or squeak. "I love them, Granny," she said. "Where did you find them?"



"They are your brown-and-ugly shoes," said Granny. "While you were out a fairy came by and made them beautiful."

Koketso looked at the table and smiled. "*Hau*, Granny, that fairy was *you!*" she said. "I can see your workbasket ... and some glue ... and some glitter! I know it was *you!*"

Granny just chuckled.

"I love you, Granny," said Koketso as she hugged her around the waist.

"And I love you, Koketso," said her granny. "I hope those shoes fit you better now."

"Oh yes," said Koketso, "they fit perfectly!"

“Ashu! Ashu! Ashu!” kusho uKoketso.

UGogo wayematasatasa esitofini, akazange aphenduke nakuphenduka.  
“Kwenzenjani, Koketso?” kubuza yena.

“ASHU! ASHU! ASHU!” kumemeza uKoketso. “Izinyawo zami zibuhlungu. Zincane kakhulu izicathulo zami.”

UGogo waphenduka wambuka. “Angikukholwa lokho, Koketso. Lezo zicathulo zisezintsha kabi. Izinyawo zakho azikwazi ukuba sezikhule ngokushesha kangaka.”

“Hawu, Gogo,” kusho uKoketso, “mhlawumbe bezingeke zibe buhlungu kangaka ukuba bezingensundu futhi zingezimbi. Mhlawumbe ukuba bekuyizicathulo ezithambile, ezinhle ezinobucwebecwebe kanye neribhini bezizongilingana kangcono.”



UGogo waphenduka ukuze agovuze ibhodwe lakhe. “Mhlawumbe,” kusho yena.

“Ngiyacela bandla, Gogo,” kusho uKoketso. “Angikwazi ukugqoka lezi zicathulo ezimbi, ezinsundu edilini kusasa.”

“Ngiyabona,” kusho uGogo, eqoba u-anyanisi.

UKoketso wakhumula izicathulo zakhe, wase eya phandle wayokhala kancane.

Imambana enguMalume uKooos yadlula nethroli layo lokuthenga. “Kwenzenjani, Koketso?” kubuza yena.

“Ngiya edilini losuku lokuzalwa lomngani wami omkhulu kusasa,” kusho uKoketso, “kanti anginazo izicathulo ezinhle engizozigqoka.”

UMalume uKooos wabe esebheka ezintweni ezisethrolini lakhe, kodwa wathola ipheya lamateki amadala anezimbobo.

“Uxolo,” kusho yena. “Angikwazi ukukusiza, Koketso.”

“Ngibonga ukuthi okungenani uzamile ukungisiza,” kuphefumula uKoketso.

Kwase kuza iloli likadoti lama ngaphandle kwendlu.

“Ukhalelani, Koketso?” kubuza umshayeli.

“Ngidinga izicathulo zokuya edilini,” kusho uKoketso, “kanti angazi ukuthi ngingazithola kuphi.”

“Nxese,” kusho umshayeli. “Zonke izicathulo eziselolini lami zixubene nodoti. Kodwa ngivame ukubona izicathulo emigqomeni kadoti – kungenzeka ukuthi kukhona abantu abaningi kule ndawo abanezicathulo abangazifuni. Kungani ungabuzi abangani bakho?”

UKoketso wacabanga ukuthi leli yisu elihle ngempela. Ngakho wayobona umngani wakhe, uNkk Salmon.

“Sawubona!” kumemeza yena. “Nkk Salmon, ngidinga izicathulo zokuya edilini. Ngabe zikhona izicathulo zokuya edilini ongangipha nazo?”

UNkk Salmon weza emnyango ephethe ipheya lezicathulo. “Nazi, Koketso,” kusho yena, “ungazithatha lezi, kodwa ngeshwa esinye sinesithende esixegayo.”

Lezi zicathulo zazizinhle zinobucwebecwebe, futhi noKoketso wayecabanga ukuthi zinhle. “Ngiyabonga, Nkk Salmon!” kusho yena. UKoketso wazifaka izicathulo wase ethi ukudansa kancane. Kodwa isithende esixegayo sasinyakaza kakhulu. *Khehle!* Kukhala sona ngesikhathi uKoketso ehla ngomgwaqo, *khehle-khehle*.

“Hhayi cha,” kusho uKoketso, “angikwazi ukuya edilini nezicathulo ezikhehlelayo.” Ngakho-ke wabuyisela izicathulo kuNkk Salmon wase embonga ngokuzama ukumsiza.

“Kungani ungaceli izicathulo kumzala wakho uPinky?” kucebisa uNkk Salmon.

Ngakho uKoketso wenza kanjalo. “Sawubona!” kumemeza yena kubo kaPinky. “We Pinky, ngidinga izicathulo zokuya edilini. Ngabe zikhona izicathulo zokuya edilini ongangipha zona?”

UPinky wayobheka ekhabethe lakhe. “Nazi, ungazithatha lezi,” kusho yena kuKoketso. Izicathulo zazinezinhliziyi ezincane ezibomvu yonke indawo futhi lesa naleso sasinefundo lokuhlobisa elikhulu elimhlophe. UKoketso wayejabule kakhulu.

“Ngiyabonga, Pinky!” kusho yena. Wazifaka izicathulo wase edansa kancane. Zazizinhle lezi zicathulo, kodwa zaziciphiza izinzwane zakhe.

“Ashu,” kusho uKoketso. “Angikwazi ukuya edilini ngezicathulo ezingimpintshayo.” Ngakho wazibuyisela kuPinky wase embonga ngokuzama ukusiza.

“Kungani ungaceli izicathulo ku-Anti uShirley?” kucebisa uPinky.

Ngakho uKoketso wenzenjalo. Kodwa izicathulo zika-Anti uShirley zazinkulu kangokuthi kwakumele ahambe ashesheze ukuze zingakhumuki – *sheshe,sheshe,sheshe,sheshe*. Ngakho uKoketso kwadingeka ukuthi azibuyisele emuva.

UKoketso waya kuwo wonke umuntu amaziyo. Futhi konke lapho ayeya khona, abangani bakhe babemnika izicathulo okumele azizame.

Kodwa asikho nesisodwa esasimlingana kahle. Izicathulo zikaPhumla zazindala kangangoba izinzwane zikaKoketso zazivele ngaphandle kanti amasoli azo ayephaqaza – *phaqa phaqa phaqa*. Izicathulo zikaMama uMaloyi zazinezithende eziphakeme kakhulu kangangoba uKoketso wayelokhu ewa futhi ebhinyilika amaqakala. Ezesalukazi esinguNkk Naidoo zazicishe zilunge, kodwa zazibanga umsindo. *Kle, kle-kle*. UKoketso akazange azithole izicathulo zokuya edilini ayezifuna, ngakho waya ekhaya.

Wathola uGogo ekhishini. “Eyi Gogo,” kusho uKoketso ngokudabuka, “Sengiye ezindaweni ezahlukene futhi ngizame ngazama, kodwa AKUKHO MUNTU onezicathulo angangipha zona!”

“Kanti zinani leziya?” kusho uGogo, ekhomba ipheya lezicathulo ezisetifuleni.

UKoketso wabheka. Izicathulo zazicwebezela zinamaribhini aphinki.

UKoketso wazifaka wase edansa, wazungeza ephenduka ekhishini. Izicathulo zezwakala zikahle ezinyaweni zakhe, zazingakhehlezezi, zingasheshezi, zingakleklezi. “Ngiyazithanda, Gogo,” kusho yena. “Uzitholephi?”



“Yizicathulo zakho ezinsundu ezimbi,” kusho uGogo. “Ngesikhathi usahambile kufike uferi ozenze zaba zinhle.”

UKoketso wabuka etafuleni wase emamatheka. “Hawu, Gogo, *bekunguwe* lowo feri!” kusho yena. “Ngibona ubhasikidi wakho wokusebenza ... kanye neglu ... kanye nokokucwebelisa. Ngiyazi ukuthi bekunguwe!”

Wavele waqhuma yinsini uGogo.

“Ngiyakuthanda, Gogo,” kusho uKoketso ngesikhathi emgona emuthi nkamfu okhalweni.

“Nami ngiyakuthanda, Koketso,” kusho uGogo wakhe. “Ngiyethemba ukuthi zikulingana kahle manje.”

## Nal'ibali fun

Circle the words that you think best describe the giant from the story, "Tselane and the giant". Then add another two words of your own to describe him.

clever	joyful
greedy	angry
evil	cruel
sweet	_____
horrible	_____



## Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

Kokelezela amagama ocabanga ukuthi achaza kangcono izimuzimu elisendabeni ethi, "UTselane nezimuzimu". Bese wengeza namanye amagama akho amabili ukuze ulichaze.

lihlakaniphile	lithokozile
liyigovu	lithukuthele
likhohlakele	linonya
linobungani	_____
libi	_____

Do you enjoy reading and telling jokes? Here are some school jokes for you to enjoy. After you've read them, try writing your own joke. Brighten up someone else's day by telling them your joke!

Ngabe uyakuthanda ukufunda kanye nokusho amahlanya? Nanka amanye amahlanya asesikoleni ozowathokozela. Ngemva kokuba usuwafundile, zama ukuzibhalela elakho ihlaya. Yenza lube luhle usuku lomunye omuntu ngokumxoxela ihlaya lakho!

**Teacher:** Can you tell me something important that didn't exist 100 years ago?  
**Child:** Me!

**UTHisha:** Ngabe ungangitshela into ebalulekile eyayingekho eminyakeni eyi-100 edlule?  
**Ingane:** Yimi!

**Teacher:** Please don't whistle while you are working.

**Child:** But I'm not working – I'm just whistling!

**UTHisha:** Ngicela ungashayi umlozi ngesikhathi wenza umsebenzi.

**Ingane:** Kodwa angisebenzi – ngishaya umlozi!

**Teacher:** I've lost my dog!  
**Child:** Have you tried putting a message on the Internet, Miss?

**Teacher:** Don't be silly! My dog never reads emails!

**UTHisha:** Ngilahlekelwe yinja yami!  
**Ingane:** Ngabe uke wazama ukufaka umlayezo ku-Internet, Nkosazana?

**UTHisha:** Suka lapha wena! Inja yami ayiwafundi ama-imeyli!

**Teacher:** I thought I told you to stand at the back of the line?  
**Child:** I tried, but there was someone there already.

**UTHisha:** Bengingashongo yini ukuthi yima ekugcineni komugqa?  
**Ingane:** Ngizamile, kodwa ngifike sekukhona okhona.

Draw a picture to go with the part of the story, "Tselane and the giant", where the giant is shouting for his son to bring his sack inside the house.

Dweba isithombe esizohambisana nengxenye yendaba ethi, "UTselane nezimuzimu", lapho izimuzimu lithethisa indodana yalo ukuze ingenise umgodla walo endlini.

WHERE'S MY SACK?  
UPHI UMGODLA WAMI?



Write your joke here. Bhala ihlaya lakho lapha.

\_\_\_\_\_

\_\_\_\_\_

\_\_\_\_\_

\_\_\_\_\_


\_\_\_\_\_

### Reading club tip

Ask the children to cut out their completed jokes. Paste them all onto a large sheet of paper to create a poster which you can display. Let the children enjoy reading all the jokes!

### Icebo lethimba lokufunda

Cela izingane ukuthi zisike zikhiphe amahlanya azo eseziwaqedile. Wanamathisele ephapheni elikhulu ukuze wenze iphosta ongakhangisa ngayo. Vumela izingane ukuthi zithokozele ukufunda wonke amahlanya!



Get your copy of our special International Picture Book Month edition of the Nal'ibali reading-for-enjoyment supplement in the week of 8 November 2015!



Visit our mobisite for stories in 11 languages: [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)

Vakashela ku-mobisite yethu ukuze uthole izindaba ngezilimi eziyi-11 ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)

Thola ikhophi yakho yoshicilelo lwethu olukhethekile loSuku Lomhlaba Wonke Lwezincwadi Ezinezithombe lwesithasiselo sakwaNal'ibali sokufundela ukuzithokozisa esontweni langomhla ziye-8 kuLwezi wezi-2015!

Supplement produced by The Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translated by Busisiwe Pakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

SundayWorld

Drive your imagination